

Hhayi namhlanje, Sekhametsi!

Ibhalwe nguMabel Mnensa

Imifanekiso nguChantelle kanye noBurgen Thorne

USekhametsi uyazizwela nje ukuthi namhlanje kuzoba usuku olukhethekile.

Ubheka amasokisi kanye nezicathulo zakhe phansi kombhede wakhe. Ubheka isikhindi ngemva kwesicabha. “Engathi ukuyokwenza okuthile okungejwayelekile ophahleni lwefulethi lethu kungaba yinto enhle kakhulu. Mhlawumbe ngingathola okuthile okuyigugu.”

“Cha. Hhayi namhlanje, Sekhametsi,” kusho uMama. “Angeke wazingcolisa. Hamba uyogeza,” kwengeza uBaba.

USekhametsi uphukula umlomo. “Ukuba u-Anti uSindi ubelapha ngabe ugibele ophahleni nami bese engikhombisa okuyigugu kanye negolide.”





Ngemva kokudla isidlo sakhe sasekuseni, uSekhametsi ubona abangani bakhe bedlala ezansi. Mhlawumbe kuzogcina kuwusuku olukhethekile ngempela.

Ubuka uMama kanye noBaba bese emamatheka. “Wusuku oluhle lokudlala umagalobha. Ngabe ngivumelekile ukuyodlala?”

UMama unikina ikhanda. “Cha. Hhayi namhlanje, Sekhametsi. Angeke nje wayozingcolisa. Hlala la eduze nami.”

USEkhametsi uphukula umlomo. “Ukuba bekukhona u-Anti uSindi ngabe ungivumele ukuthi ngiyodlala nabangani bami. Bengicabanga ukuthi namhlanje kuzoba usuku olukhethekile.”

Iphunga lokuphekwayo okunuka kamnandi liholela uSekhametsi ekhishini. Kukhona ipuleti lamagwinya ashisayo etafuleni. Kuqotshelwa amakherothi, ulethisi kanye notamatisi ukuze kwenziwe isaladi. Ngabe yikhekhe yini leli elikuhhavini? Mhlawumbe kuzogcina kuwusuku olukhethekile ngempela! Uyanyonyoba bese ezama ukuzwa igwinya elilodwa.

UMama umshaya isandla, “Cha. Hhayi namhlanje, Sekhametsi. Ngiwabekele ukudliwa ekuhambeni kwesikhathi.” USEkhametsi usonga izandla zakhe.

“Ukuba u-Anti uSindi ubekhona ubezongivumela ukuthi ngizwe yonke into, nenhlama imbala.”

USEkhametsi usephukule umlomo engubeni yakhe yokulala. “Usuku lwanamhlanje alukhethekile neze. Kunesizungu nje.”

UBaba ususa ingubo yokulala ekhanda lakhe, “Cha. Hhayi namhlanje, Sekhametsi. Woza, awusiphelezele siye esiteshini.”

USEkhametsi uyasukuma nokho uthukuthele. “Ukuba u-Anti uSindi ubelapha ngabe ungivumele ukuthi ngihlale embhedeni bese engixoxela indaba eyodwa, noma ezimbili.”



UMama, uBaba kanye noSekhametsi bahamba baqonde ePark Station. USEkhametsi uphukule umlomo akaboni nothingo lwenkosazane olukude futhi akezwa neqembu elicula ingoma ayithandayo elisekhoneni. Ufisa sengathi ngabe usekhaya, usophahleni noma unabangani bakhe.

“Lolu usuku olubi ukuzedlula zonke,” kusho yena.

“Cha. Hhayi namhlanje, Sekhametsi. Bheka!” UMama kanye noBaba basho kanyekanye. “Nasi isimanga!”

USEkhametsi uphakamisa amehlo bese ebona umuntu okhethekile ngendlela engefaniswe eza ngakubona.

“Anti Sindi!” uyamemeza, bese egijima eya ku-anti wakhe amthanda kakhulu.

U-Anti Sindi uqukula uSekhametsi ambeke ezingalweni zakhe. “Angisakwazi ukulinda ukuthi ngibe sophahleni lwendlu nawe ukuze sigibele uthingo lwenkosazane. Noma siyogxumagxuma. Noma mhlawumbe sidle amagwinya bese sixoxelana izindaba?”

“Yebo! Usuku lokuzalwa oluhle, Anti Sindi!

Bengazi ukuthi namhlanje wusuku olukhethekile.”

“Cha. Hhayi namhlanje, Sekhametsi.”

USEkhametsi usonga izingalo zakhe bese ekhombisa abazali bakhe ukuthi akahambisani nalokho okwenzekayo.

“Namhlanje wusuku olukhetheke ukuzidlula zonke!” uMama kanye noBaba bayahleka.



Hhayi namhlanje, Sekhametsi!

Ibhalwe nguMabel Mnensa • Imifanekiso nguChantelle kanye noBurgen Thorne

Imibono okungaxoxwa ngayo

Yini engenza usuku lwakho lube "wusuku olukhetheke ukuzidlula zonke"?
Yiziphi izikhathi ezimnandi noma eziyinqophamlando osanda kuba nazo? Yini eyenze lezo zikhathi zakhetheka?



Ezibonakalayo

Dweba isithombe sakho nesomuntu "okhethekile ngendlela engefaniswe" ekuphileni kwakho.



Ukufunda

Yiba umseshi wamagama! Bhekisisa indaba. Ungakwazi yini ukuthola:

- ★ izinto eziyisikhombisa ongazidla
- ★ izinto ezintathu ongazigqoka
- ★ igama lomdlalo
- ★ into ethile ongase uyibone ngosuku olunemvula



Ukubhala

Bhala umyalezo oya kumuntu okhetheke kakhulu ekuphileni kwakho uchaze ukuthi kungani ekhethekile kuwe.



Umsebenzi wezandla

Yenza ifremu yesithombe osidwebile. Namathisela isithombe sakho ekhathonini elikhulu kunesithombe. Dweba ulayini ozungeza amakhona esithombe sakho. Hlobisa ifreymu.



Ukusebenza

Lingisa zonke izinto u-Sekhametsi acabanga ukuzenza no-anti wakhe ube wena noma omunye afunde lezo zingxenye zendaba ngokuzwakalayo.

